

Isifundazwe saKwaZulu-Natali (KZN)

Ben Khumalo-Seegelken[©]

Isifundazwe saKwaZulu-Natali (KZN) singesinye sezifundazwe eziyisishiyagalolunye (9) ezaqanjwa kulungiselwa ukungena kombuso wentando yeningi ngo1994. Ngesikhathi sombuso wobandlululo ngengcindezelo *yeapartheid* (1948-1994) ingxene enku lu ikakhulukazi ngezansi koThukela kwakuthiwa yiNatali, amaquaqwas i kakhulukazi ngenhla koThukela kanye nasemaphethelweni amadoloba aseNatali kwakuthiwa kuKwaZulu, “homeland”.

Isifundazwe sakwaZulu-Natali (KZN):



© Southern Domain Online Travel Guides, Cape Town

Umlando: Bengakafiki abeLungu kwelakithi (kuze kushaye unyaka ka1652), isifundazwe esiphakathi noKhahlamba nolwandle ngenhla nangezansi koThukela kwakulikhaya lemizi nemindeni nemibuso eminingi eyagcina ihlanganisiwe, yaqoqeletwa embusweni wakwaZulu, iqoqwa nguShaka kaSenzangakhona kaJama (1787-1828), namabutho akhe. *UMbuso wakwaZulu* wahlaselwa wanqotshwa ngumbuso wamaNgisi empini yasoLundi (14.07.1879); iNkosi uCetshwayo kaMpande kaSenzangakhona (1826-1884), ayethula amaNgisi esihlalweni, kwathi ingxene yezwe engenhla koThukela ayengakayifaki embusweni wawo waseNatali (Colony of Natal, 1843-1910), ayidabula izifunda ezilishumi nantantu (13), leso naleso asinika induna, ushifu (chief), okhokhelwa yiwo, aselibusa ngaye, oyiso lawo. Isifundazwe sonke esingenhla nesinezansi koThukela sigcine sesibizwa ngokuthi kuseNatali.

Kuthe amaBhunu namaNgisi esephemba umbuso wawo wokuqala kazwelonke, i-*Union of South Africa*, ngo1910, *iNatali* yaba ngesinye sezifundazwe zozine zalowo mbuso (ezinye kwakuyiCape Province, yiOranje-Vrystaat/Orange Free State neTransvaal ezize zaguqulwa, zabizwa kabusha kwavela lezi eziyisishiyagalolunye (9) esizazi namuhla, ngokungena kombuso wentando yeningi ngo1994).

Sekuthatha amaBhunu nombuso wawo wobandlululo nengcindezelo *yearpartheid* ngo1948, okwathi ngo1961 waphenduka, wazibiza ngokuthi *uyiRepubliek van Suid-Afrika/Republic of South Africa*, lesi sifundazwe saqhube ka sabizwa ngokuthi *iNatali* - nangesikhathi ezinye izingxenye zaso kwase kuthiwa ziyi-“homeland” yakwaZulu. Lesi sifundazwe namuhla sisazi ngokuthi ku[*KwaZulu-Natali \(KZN\)*](#).

Zibalelwu ezigidini ezingaphezu kwesishiyagalolunge nezinkulungwane eziyisishiyagalolunge (9 900 000) izakhamizi zesifundazwe sa[*KwaZulu-Natali \(KZN\)*](#); amahhovisi ombuso aseMgungundlovu. Abantwana abangaphansi kweminyaka eyishumi nesihlanu (15) ubudala bayingxenye yamashumi amathathu nesishiyagalolunye yekhulu (39%) yesibalo zezakhamizi zesifundazwe sonke. Ingxenye yezakhamizi ehlala emaphandleni nasemaphethelweni ngamashumi amathathu nesishiyagalombili ekhulwini (38,2%).

Umuzi waseThekwini nesikhumulo sawo semikhumbi nesezindiza (*King Shaka International Airport*) nezimboni nezindawo zokuchitha isizungu nokuziphumulela ngasogwini kanye nezimoba, yiwona obalulekile, ulandelwe ngowaseRichard's Bay, ekuvezeni amathuba okuziqhwishela nokuziphilisa.

Isifundazwe sa[*KwaZulu-Natali \(KZN\)*](#) yiso sodwa umbuso wentando yeningi owasinika iNkosi, isikhundla namalungelo ayo asemthethweni-sisekelo kazwelonke (*constitutional monarch*), *iSilo sikaZulu iNkosi uZwelithini Goodwill kaNyangayezizwe* kaSolomoni kaDinuzulu kaCetshwayo kaMpande kaSenzangakhona kaJama.

INQOLOBANE YOLWAZI:

[UDlame KwaZulu-Natali: 1980-1996](#)

[UMLANDO III - eSandlwana / eTshaneni \(1879-1884\)](#)

["AbaQulusi of ebaQulusini. Who were they?"](#)

["AmaNdiya eLuthela kwelakwaZulu"](#)

["UMLANDO"](#)